Thusano trust

# ISIKHATHI SOKUKHOKHELWA

Gold Fields | Sibanye Stillwater — we are one

I-JSE Investor Services (JIS) izoqala ukukhokhela labo bahlomuli abakhethe ukudayisa amasheya abo, kusukela kuMashi 2026.

**Khumbula ukuthi inani elikhokhelwe ku-akhawunti yakho liyinani lamasheya ngenani eliyisilinganiso amasheya athengiswe ngalo, kususwe izimali ezikhokhiswayo zokwengamela kanye nezintela ezisebenzayo.**

## Kuthiwani uma ungatholi imali yakho oyikhokhelwayo ngoMashi?

Lokhu kungasho ukuthi:

### 1 Ngathi ukweleta imali ku-SARS.

Ngokusho kweSigaba 179(1) soMthetho Wokulawulwa Kwentela, No.28 ka-2011, i-SARS ingaqalisa izinqubo zokuqoqa noma ikhokhe noma iyiphi inkokhelo etholwe yi-Thusano Trust ngokumelene nesikweletu sentela esisilele emuva.

Lokhu kusho ukuthi i-JIS izobe isiyalelwe ngomyalelo we-IT88 ukuthi igodle inani elikweleta i-SARS kumhlomuli, futhi izoyikhokhela i-SARS.

Esimweni esinjalo, i-JIS izokunikeza incazelo, futhi lokhu kuzoboniswa esitatimendeni sakho samasheya kanye nasesitatimendeni sokuqinisekisa ukuthengiselana.

Njengoba bekushiwo, akukho lutho i-JIS noma i-Thusano Trust engalwenzela umhlomuli kulesi simo, futhi umhlomuli kuzodingeka axhumane ne-SARS.

### 2 Ukuthi imininingwane yakho yasebhange ibingaphelele noma ingatholakali.

Uma ungumuntu onelungelo lokukhokhelwa, lesi simo singalungiswa ngokuxhumana ne-JIS noma ihhovisi le-TEBA eliseduze nawe ngemininingwane yakho yasebhange kanye namadokhumenti afanele e-FICA.

Uma le minininingwane kanye neminye ibuyekeziwe, i-JIS izokhokha, kungakhathaliseki ukuthi kungenzeka ngemuva kukaMashi, noma lapho ukubuyekezwa sekuphothuliwe kuhlelo.

### 3 Ukuthi lapho i-JIS ifaka isicelo ku-SARS ukuze ithole isiqondiso sentela, lokhu kwenqatshiwe.

Lokhu kusho ukuthi amarekhodi akho awahlelekile futhi kudingeka ukuthi adluliselwe kumqashi wakho uma usasebenza e-Gold Fields noma e-Sibanye. Uma sekuxazululiwe, usungakhokhelwa.

Uma ungasasebenzi, imali oyikhokhelwayo izolungiselelwa kusetshenziswa amatafula entela esikalini sawo sokugcina semali engenayo eyaziwayo.

### 4 Uma ungumuntu wasemazweni angaphandle.

Ukuthengiselana kwamanye amazwe kungathatha isikhathi esijana ukulungiselelwa kanye nokubonakala ku-akhawunti yakho.

## Kuthiwani uma inani elitholakele lihlukile kulokho engikubale esitatimendeni sami samasheya?

1. Incazelo okungenzeka kakhulu ukuthi ingokweSigaba 179(1) soMthetho Wokulawulwa Kwentela, No.28 ka-2011, kungenzeka ukuthi i-SARS iyalele i-JIS nge-IT88 ukuthi iqoqe imali eyikweletwayo futhi lokhu kudonswe emalini ekhokhiwe.

   Kulesi simo uzobona kuvela inani le-IT88 esitatimendeni sakho samasheya kanye nakusitatimende sokuqinisekisa ukuthengiselana.

   Ungashayela i-JIS ukuze uhlole ukuthi i-SARS idonse imali yini, kodwa ngemva kwalokho, lokhu futhi kuyindaba umhlomuli okufanele ayixoxe ngokuqondile ne-SARS.
2. Enye incazelo iwukuthi kungenzeka ukuthi ubale imali ozoyikhokhelwa elindelekile usebenzisa inani lamasheya elalingafani nenani lokugcina lesilinganiso sokudayiswa elishiwo ngemva kokuphothulwa kokuthengiswa kwamasheya maphakathi noJanuwari 2026 (u-R739.09 ngokuphathelene namasheya ase-Gold Fields kanye no-R 56.25 ngokuphathelene namasheya ase-Sibanye-Stillwater). Uma ungaqiniseki ngalokhu, xhumana ne-JIS.

## Contacting SARS

- Use the SARS WhatsApp number: 0800 11 7277 (save the number on your phone then start a WhatsApp conversation by sending a message 'Hi')
- Call the SARS Contact Centre: 0800 00 7277
- International callers use: +27 11 602 2093
- Visit www.sars.gov.za
- Visit the SARS office nearest you

## Contacting JIS:

- Call 086 125 5525 or 086 143 3659 or
- +27 11 713 0000 if outside RSA.
- Email thusano@jseinvestorservices.co.za